


# Nal'ibali

It starts with a story...

Edition 38  
isiZulu, English



## Happy birthday, Nal'ibali!

**Can you believe it? On 5 June 2013 your favourite reading-for-enjoyment resource is a year old! Yes, that's right, the Nal'ibali supplement has already been around for a whole year giving you stories to enjoy with the children in your life, as well as information and support, ideas for story activities and great competitions!**

The isiXhosa word *Nal'ibali* means "Here's the story" and, as you know, this is the name of the reading-for-enjoyment campaign that is sparking our children's potential through storytelling and reading. In a world where being able to use reading and writing effectively is so important, Nal'ibali helps to make sure

that no child misses out on the magical pleasure that reading can give – and in languages they understand!

But Nal'ibali is not only a newspaper supplement! We also offer:

- Workshops on helping children to develop a love of reading and on how to start and run reading clubs – in fact, we've trained 1 176 people so far.
- Inspiration and encouragement to the reading clubs in our network – 106 clubs have already signed-up through the Nal'ibali website. You can too at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).
- Hands-on guidance and support to 80 reading clubs in six provinces.
- A website with information, downloadable stories,

ideas, and free and other resources to help you establish reading-for-enjoyment in your home, school and reading club.

- A mobisite so that you can read stories and reading-for-enjoyment tips on your cellphone.
- Social media platforms with over 1 500 fans on Facebook and more than 1 000 followers on Twitter, sharing their reading club pictures, enjoying Multilingual Mondays, and accessing even more literacy tips and inspiration.

As we look forward to being your reading-for-enjoyment partner for another year, join us in celebrating a year in which we have all helped to grow a love of stories and reading in South Africa's children!

## Usuku lokuzalwa oluhle Nal'ibali!

**Ngabe niyakukholwa kodwa lokhu? Ngomhla ka-5 Juni 2013 umthombo wenu wokufundela ukuzithokozisa uzobe usugede unyaka owodwa! Yebo, kunjalo, izithasiselo zakwaNal'ibali sezibe khona unyaka wonke zikunikeza izindaba ozithokozela nezingane ophila nazo kanye nolwazi nokwesekwa, amacebo emisebenzi ephathelene nezindaba nemincintiswano emihle!**

Igama lesiXhosa elithi *Nal'ibali* lichaza ukuthi "Nans' indaba" futhi, njengoba wazi, leli yigama lomkhankaso wokufundela ukuzithokozisa ophemba lokho izingane ezingaba yikho esikhatini esizayo ngokuxoxa izindaba nokufunda. Emhlabeni lapho kubaluleke khona ukwazi ukufunda nokubhala ngendlela efanekile, u*Nal'ibali* usiza ukwenza isiqiniseko sokuthi ayikho ingane ephuthelwa umlingo wenjabulo engalethwa ukufunda – futhi ngezilimi eziqondayo!


Kodwa uNal'ibali awusona nje kuphela isithasiselo sephephandaba! Sihlinzeka nangalokhu:

- Imihlangano yokucobelelana ngolwazi lokusiza izingane ukuthi zithuthukise uthando lokufunda nokuthi angaqalwa, futhi angaqhutshwa kanjani amathimba okufunda – eqinisweni, sesiqeqeshe abantu abayi-1 176 kuze kube manje.
- Intshisekelo nokukhuthaza amathimba okufunda asohlelweni lwethu lokuxhumana – ayi-106

amathimba asebhalese ewebhusayithini yakwaNal'ibali. Ungakwenza nawe ngokungena ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

- Ukwelulekwa nokwesekwa ngababambe mathupha kwamathimba okufunda angama-80 ezifundazweni eziyisithupha.
- Iwebhusayithi enolwazi, imiqondo, izindaba ezithwebuleka kalula ngensiza yezobuchepheshe nezinye izinsiza ezelekelela ukuthi ufundele ukuzithokozisa ekhaya, esikoleni nasethimbeni lokufunda lakho.
- Imobhisayithi ukuze ukwazi ukufunda izindaba namacebo okufundela ukuzithokozisa eseluleni yakho.
- Izingosi zokuxhumana zokwenza ubuhlobo ezinabalendeni abevile e-1 500 ku-*Facebook* nabalandeli abevile e-1 000 ku-*Twitter*, ababelana ngezithombe zamathimba abo okufunda, abathokozela uMsombuluko Wobuliminingi kanye nokuthola namanye amacebo okwazi ukufunda nokubhala nokukunika ugqozi.

Ngesikhathi silangazelela ukusebenzisana nawe ekufundeleni ukuzithokozisa omunye futhi unyaka, hlanganyela nathi ekugubheni unyaka sonke esisize ngawo ukuthi sithuthukise uthando lwezindaba nokufunda ezinganeni zaseNingizimu Afrika!



### In this birthday edition:

- You will hear from some of the reading clubs in the Nal'ibali network! (pages 6 and 7)
- You can read a story with older readers about a not-so-happy birthday! (pages 3 and 5)
- You can have fun with the special Nal'ibali birthday picture drawn for us by Rico! (page 2)

### Kulolu shicilelo losuku lokuzalwa:

- Yizwa okuvela kwabanye abasohlelweni lwamathimba okufunda akwaNal'ibali! (ekhasini le-6 nele-7)
- Funda indaba nabafundi asebebadadlana mayelana nosuku lokuzalwa olungazange lube mnandi! (ekhasini lesi-3 nelesi-5)
- Zithokozise ngesithombe sosuku lokuzalwa lukaNal'ibali, esisidwetshelwe uRico! (ekhasini lesi-2)



Drive your  
imagination

Read to me. Explore a story.  
Ngifundele. Asijule nendaba.












It starts with a story...




Drive your imagination

## Who's doing what?

Use the small pictures and the clues in the incomplete sentences to help you decide what each of the Nal'ibali characters is doing in this picture.

-  Mme wa Afrika
-  Afrika
-  Dintle
-  Mbali
-  Bella
-  Noodle
-  Josh
-  Neo
-  Gogo



1. Wow! \_\_\_\_\_ is building a really tall tower with those bottles!
2. Eish! \_\_\_\_\_ has got his kite stuck in the tree.
3. \_\_\_\_\_ is sitting on his dad's shoulders.
4. \_\_\_\_\_ is keeping up with the latest news.
5. Look out! \_\_\_\_\_ is chasing a squirrel!
6. Oh dear! \_\_\_\_\_ is being pulled along the ground by her pet dog.
7. \_\_\_\_\_ is having fun with her rattle.
8. Oh no! \_\_\_\_\_ is going to have cooldrink all over her!
9. \_\_\_\_\_ is reading her book about ducks.

1. Ncinci! U \_\_\_\_\_ wakha umbhoshongo ophakeme ngempela ngalawo mabhodlela!
2. Ewu! Ikhayithi lika \_\_\_\_\_ libambeke esihlahleni.
3. U \_\_\_\_\_ ugqogqoshe kubaba wakhe.
4. U \_\_\_\_\_ ufunda izindaba zakamuva.
5. Qaphela! U \_\_\_\_\_ ujaha isinkwe!
6. Awu hhe! U \_\_\_\_\_ uhudulwa phansiinja yakhe.
7. U \_\_\_\_\_ uyazijabulisa ngesikhehlekhehle sakhe.
8. Hawu! U \_\_\_\_\_ uzozithela ngesiphuzo esibandayo!
9. U \_\_\_\_\_ ufunda incwadi yakhe emayelana namadada.

Answers/izimpendulo: 1. Afrika, 2. Josh, 3. Neo, 4. Gogo, 5. Gogo, 6. Noodle, 7. Bella, 8. Dintle, 9. Mbali

## One year of Nal'ibali supplements at a glance

- **37** supplement editions published in isiXhosa and English, and in isiZulu and English. These supplements included:
  - 41** bilingual cut-out-and-keep books
  - 18** other bilingual stories
  - 23** Story Stars featured
  - 43** articles with information about reading and writing with children.
- **3 367 000** isiXhosa and English supplements available in newspapers.
- **4 662 000** isiZulu and English supplements available in newspapers.
- **470 110** free isiXhosa and English supplements delivered to reading clubs and schools.
- **509 204** free isiZulu and English supplements delivered to reading clubs and schools.



## Make sithi jeqe onyakeni wezithasiselo zakwaNal'ibali



- Izithasiselo ezingama-**37** ezishicilelwe ngesiXhosa nesiNgisi, nangesiZulu nesiNgisi. Lezi zithasiselo zihlanganisa:
  - izincwadi ezingama-**41** ezibhalwe ngezilimi ezimbili ezisikwa zikhishwe bese ziyagcinwa
  - ezinye izindaba eziyi-**18** ezingezilimi ezimbili
  - abavelele ezindabeni abangama-**23** okushicilelwe izindaba zabo okubhaliwe okunikeza ulwazi okungama-**43** okuphathelele nokufunda nokubhala nezingane.
- Izithasiselo eziyi-**3 367 000** zesiXhosa nesiNgisi ezitholakala emaphephandabeni.
- Izithasiselo eziyi-**4 662 000** zesiZulu nesiNgisi ezitholakala emaphephandabeni.
- Izithasiselo zamahhala eziyi-**470 110** zesiXhosa nesiNgisi ezihanjiswe emathimbeni okufunda nasezikoleni.
- Izithasiselo zamahhala eziyi-**509 204** zesiZulu nesiNgisi ezihanjiswe emathimbeni okufunda nasezikoleni.



# The worst birthday ever

by Zukiswa Wanner

Hi, my name is Thando. That's Zulu for love. My mama says it is because she loves me so much. I live with my mum, my cousin Santie, and my aunt Sallie. Santie and her mum just moved into our place two weeks ago. Auntie Sallie is my mum's younger sister. This is the first time I have met her because I overheard Gogo saying her husband did not want her to visit us. They used to live in Mpumalanga before moving to Johannesburg to stay with us. Mum says Auntie Sallie had domestic issues so they had to come and stay with us. She never told me what the domestic issues were.



Santie is the same age as me. Well, no actually, I am four months older.

"Three months and twenty days!" Santie yells out.

"That's four months either way, silly." I say.

"No it isn't!" she answers back.

As you can see Santie is very argumentative. I do not know why she likes to argue. It's not even her house. So as I was saying, and I need to whisper this so she doesn't interrupt, "I am four months older than her."

Today is Santie's 11th birthday. My mum says she is going to make it special. Auntie Sallie will be working this evening. She just started waiting on tables at a restaurant in Sandton and could not get a night off. So my mum is taking us to the movies to watch *Jock of the Bushveld*.

I hope it will be fun. We cannot wait. Or rather, I cannot wait. Today has not been fun so far. Anytime I want to play a game and Santie wants to play something else, we have to do what she wants. My mum says I have to play what Santie wants because it is her birthday. I have tried to suggest playing something else, but Santie always screams so that my mum can hear, "But it's my birthday!" I hope next time she has a birthday she is not here.

After we have had a bath and it is almost time to go to the movies, Mum says she has a present for Santie and me. She has bought us dresses and shoes to wear to the movies. She says it is so that we can look like ladies. That is so lame. Like, why didn't she buy us jeans or something? Santie's dress is like mine, but it is red and mine is yellow. Then we both have the same pair of shoes except her pair is red and mine is yellow. I hate dresses. Santie loves dresses.

"Mum? We are eleven, not seven!" I say to Mum because I am embarrassed at the matching outfits.

My mum looks

at me and says,

"Wena, Thando,

is that a way to

say thank you? I

will take that dress

back to the shop

and you will not

go to the movies

with us. Why can't

you be polite like

Santie and just say

thank you?"

So I say, "Thank

you," under my

breath.

My mum looks at

me and says, "I didn't hear you."

And I say again loudly, "I said THANK YOU."



"That's better. Now go and change," she says. I see Santie smiling and pulling her tongue at me behind my mum's back. I wish I could pinch her. She is so annoying.

We finish dressing up, I really hate this dress, and my mum says, "Let's go girls." We follow her.

When we get in the taxi to go to the movies, the taxi driver says, "What beautiful daughters you have, Madam." So I smile although I know I am better looking than Santie. But then I get upset because he asks my mother, "Are they twins?"

And just as I am about to say no, we are just cousins, my mum says, "No, they are just sisters." She is not my sister. She is my cousin!

We get to the movies and I hope I do not see anyone I know from my school.

And then it happens.

As we are waiting for my mum to buy tickets, I see this cute boy that I like in my class. Siya is walking with his best friend Sam and also going into the movies.

He says to me, "Well hello, Thando, aren't you too old to be dressed in matching outfits?"

You see what I mean? I wish the floor could just open up and swallow me.

"What's that to you? You are just a stupid boy who does not know fashion!"

Santie answers.

OMG, why did she do that?

"Yes, whatever

Thando's

'twin', he

says and both


he and Sam

high five each

other and start

laughing while

pointing at us.



I nudge Santie and say, "What is wrong with you? Why did you have to do that?"

"He was being mean to you. I was just helping you," she answers.

"Thanks a lot! I did not ask for your help. Siya is the cutest guy in my class and now I will be the class joke," I say angrily.

"Is he your boyfriend?" she says rolling her eyes.

"Of course not," I say. I wish he was my boyfriend, but now he will never be, thanks to her big mouth.

"Oh oh, Thando's got a boyfriend, Thando's got a boyfriend ..." she chants.

It is at that moment that my mum comes back and asks Santie, "What's that, Sweetie?"

And Santie says, "Nothing, Auntie. Thando and I were just joking."

And my mum says, "Okay," and hands each of us a box of popcorn, a soda and some Smarties.

"Thank you so much, Auntie, this is the best birthday ever," Santie says kissing my mum's cheek.

My mum smiles and says, "Oh darling, it's nothing. I promise to make next year even better."

Kill me now. This is the worst birthday ever. And it is not even my birthday. Also, Santie is going to be here next year?

When I grow up I want to be a documentary filmmaker. I am not sure exactly what they do, but a woman who came to our school said that she was one, and it sounded very cool. She said she records stories. So I am recording this story so that when Santie is grown up, she too will remember that this was the worst birthday ever!



Illustrations by Magriet Brink



## Get story active!

**The worst birthday ever is a story written for older children. Read the story on pages 3 and 5 of this supplement a few times before you read it aloud to others. Or, let your children read it on their own. Here are some other ideas for you to try out.**

### Before reading the story

- ★ Talk together about birthdays – why they are important, how we like to celebrate them. Encourage your children to talk about how it feels when people remember it is your birthday. Perhaps you also have a funny story about a birthday celebration you attended or there is one particular birthday experience you will always remember. Share these stories with your children. Use these discussions to introduce the story.

### While reading the story

- ★ If you are reading aloud, help develop your children's prediction skills by asking, "What do you think will happen next?" when Thando and Santie arrive at the movies.

### After reading the story

- ★ Help your children make connections between Thando and her experience in the story, and their own lives. Talk about experiences they might have had that the story has reminded them of.
- ★ Encourage them to interpret the story by asking them to draw or paint a picture of their favourite part.
- ★ Suggest that your children write their own real or imagined stories about an event in the past involving their friends or other family members.
- ★ Let your children volunteer to act out the story. Or, ask them to pretend that it is years later and they are helping Thando to make a TV programme about her life. Together write down the questions an interviewer might ask Thando, her mother and Santie about what happened in the story. For example: "Santie, how did you feel about living with your aunt and Thando?" Let your children act as different characters from the story. Interview these "characters" using the questions you wrote together.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

**Usuku lokuzalwa olubi kunazo zonke indaba ebhalelwe izingane ezindadlana. Funda kaningana indaba esekhasini lesi-3 nelesi-5 kulesi sithasiselo ngaphambi kokuba uyifundele abanye kakhulu. Noma uvumele izingane zakho ukuthi zizifundele yona zodwa. Nansi eminye imiqondo eningazama ukuyisebenzisa:**

### Ngaphambi kokufunda indaba

- ★ Xoxani ngezinsuku zokuzalwa – ukuthi zibaluleke ngani, nokuthi sithanda ukuzigubha kanjani. Khuthaza izingane zakho ukuba zikhulume ngokuthi uzizwa kanjani uma abantu bekhumbula ukuthi usuku lwakho lokuzalwa. Mhlawumbe unendaba ehlekisayo mayelana nomkhosi wosuku lokuzalwa owawuye kuwo, noma kukhona okuthile okwenzeka ngosuku lokuzalwa ozohlala ukukhumbula. Yabelana ngalezi zindaba nezingane zakho. Sebenzisa lezi zingxoxo ukwethula indaba.

### Ngesikhathi nifunda indaba

- ★ Uma ufunda kakhulu, siza ukuthuthukisa amakhono ezingane zakho okuqagela okuzokwenzeka ngokubuza ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka elandelayo?" uma uThando noSantie befika emamuvini.

### Ngemuva kokuba senifunde indaba

- ★ Siza izingane zakho ukuthi zithole ukuxhumana phakathi kukaThando nalokho okumehlele endabeni, nezimpilo zazo. Xoxani ngento eyenzeke ezimpilweni zazo indaba ezikhumbuze yona.
- ★ Zikhuthaze ukuthi zichaze indaba ngokuzicela ukuthi zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandle.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zibhale izindaba zazo zangempela noma ezizicabangayo nje eziphathelele nezinto ezenzeke esikhathini esedlule ezibandakanya abangani noma amanye amalungu omndeni.
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zizinikele ukulingisa indaba. Noma, zicele zenze sengathi sekudlule iminyaka eminingi, futhi zisiza uThando ukuthi enze uhlelo lukamabonakude ngempilo yakhe. Bhalani nindawonye imibuzo engabuzwa ngobuza imibuzo kuThando, umama wakhe nakuSantie mayelana nokwenzeka endabeni, isibonelo, "Santie, wawuzizwa kanjani nje ngokuhlala nomamkhulu wakho noThando?" Vumela izingane zakho ukudlala abalingiswa abahlukene abasendabeni. Babuzeni imibuzo laba "balingiswa" nisebenzisa imibuzo eniyibhale nindawonye.

## It's a joke!

Here are some birthday jokes for you to enjoy.

**Question: Why do we put candles on top of a cake?**

**Answer:** It's too hard to put them on the bottom!

**Umbuzo: Kungani sibeka amakhandlela phezu kwekhekhe?**

**Impendulo:** Kunzima kakhulu ukuwabeka ngaphansi kwalo!

**Question: What do you give an angry lion for his birthday?**

**Answer:** I don't know, but you'd better hope he likes it!

**Umbuzo: Uliphani ibhubesi elithukuthele ngosuku lwalo lokuzalwa?**

**Impendulo:** Angazi, kodwa kumele wethembe ukuthi lizoyithanda leyo nto!

## Yihlaya!

Nanka amanye amahlala osuku lokuzalwa eningawathokozela.

**Sizwe:** Mum, do you know what I'm going to give you for your birthday?

**Mum:** No, dear, what?

**Sizwe:** A nice vase.

**Mum:** But I've got a nice vase.

**Sizwe:** No, you haven't. I've just dropped it!

**USizwe:** Mama, ngabe uyazi ukuthi ngizokuphani ngosuku lwakho lokuzalwa?

**UMama:** Cha, sithandwa sami, ngabe yini?

**USizwe:** Ivazi enhle.

**UMama:** Kodwa nginayo ivazi enhle.

**USizwe:** Cha, awunayo. Ngisanda kuyiwisa!

### Create your own story cards

1. When you have finished reading the supplement, take out pages 3 and 5.
2. Cut along the dotted lines on each page.
3. Paste each part of the story on either side of an A4 sheet of cardboard. Use a separate sheet of cardboard for each language.
4. If possible, cover the cards with plastic.

### Zakheleni amakhadi enu endaba


1. Uma usuqedile ukufunda lesi sithasiselo khipha ikhasi lesi-3 nelesi-5.
2. Sika lapho kunomugqa wamachashaza khona ekhasini ngalinye.
3. Namathiselani ngxenye ngayinye yendaba ohlangothini ngalunye oqwebeni lwekhalibhothi olungu-A4. Sebenzisa uqwebembe olwehlukile lwekhalibhothi olimini ngalunye.
4. Uma kungenzeka, vikela amakhadi ngokuwamboza ngoplastiki.



# Usuku lokuzalwa olubi kunazo zonke

Ibhalwe nguZukiswa Wanner

**S**anibona, igama lami nginguThando. Umama wami uthi yingoba wayengithanda kakhulu. Ngihlala nomama, umzala wami uSantie, nomamncane uSallie. USantie nomama wakhe basanda kufika ukuzohlala nathi emasontweni amabili adlule. Umamncane uSallie ungudadewabo omncane kamama. Nginyaqala ukuhlangana naye ngoba ngezwa ugogo ethi umyeni wakhe akafuni ukuba asivakashela. Babehlala eMpumalanga ngaphambi kokuba bathutha bazohlala nathi eGoli. Umama uthi uMamncane uSallie wayenezinkinga ekhaya ngakho kwadingeka ukuthi bazohlala nathi. Akazange angitshelile ukuthi zaziyani lezo zinkinga zasekhaya.



Siyalingana ngeminyaka noSantie. Empeleni, hhayi kahle hle, ngimdala kuye ngezinyanga ezine.

“Izinyanga ezintathu nezinsuku ezingamashumi amabili!” kumemeza uSantie.

“Hhayi suka, kuyafana nje nezinyanga ezine,” kusho mina.

“Cha akufani!” kuphendula yena.


Njengoba ubona-ke uSantie uyathanda ukuphikisa abanye. Angazi ukuthi kungani ethanda kangaka ukuphikisa. Akusikho nakubo la. Njengoba bengisasho-ke, futhi kumele ngikuhlebeze lokhu ukuze angangiphazamisi, “Ngimdala kuye ngezinyanga ezine.”

Namhlanje usuku lokuzalwa lukaSantie lweminyaka eyi-11. Umama uthi uzolwenza lube olwekhethele. Umamncane uSallie uzobe esebenza namhlanje ebusuku. Uqale ukusebenza njengoweta erestorenti yaseSandton

futhi akakwazanga ukuthola usuku lwekhefu. Ngakho umama usihambisa emamuvini siyobuka u-Jock of the Bushveld.

Ngiyethemba ukuthi kuzoba mnandi. Asisakwazi ukulinda. Mhlawumbe kungcono ngithi, angisakwazi ukulinda. Usuku lwanamhlanje alukaze lube mnandi kuze kube manje. Njalo uma ngifuna ukudlala umdlalo uSantie ufuna ukudlala enye into, kumele senze into efunwa uyena. Umama uthi kumele ngidlale lokho okufunwa uSantie ngoba usuku lwakhe lokuzalwa. Ngizamile ukucela ukuthi sidlale enye into, kodwa uSantie uvele amemezele ukuthi umama amuzwe, “Kodwa usuku lwami lokuzalwa!” Ngiyethemba ukuthi ngosuku lwakhe lokuzalwa oluzayo uzobe engasekho la.

Ngemuva kokuba sesiqede ukugeza futhi sekuzoshaya isikhathi sokuba siye kumamuvini, umama uthi unesiphosami noSantie. Usithengele izingubo nezicathulo esizozigqoka kumamuvini. Uthi yikhona sizobukeka njengamaleti. Kwaze kwanzima bakwethu!



Kodwa, kungani engazange asithengele amajimi noma okunye? Ingubo kaSantie ifana neyami, kodwa yona ibomvu, bese eyami iba phuzi.

Futhi sifake izicathulo ezifanayo, ukuthi nje ezakhe zibomvu bese ezami ziba phuzi. Ngiyazizonda izingubo ezingamalokwe. USantie yena uyazithanda lezi zingubo.

“Mama! Sineminyaka eyishumi nanye, hhayi eyisikhombisa!” Ngisho kumama ngoba nginamahloni ngalezi zingubo ezifanayo.

Umama uyangibuka bese ethi, “Wena, Thando, ngabe iyona ndlela obonga ngayo leyo? Ngizoyibuyisela esitolo ingubo ungabe usahamba nathi ukuya emamuvini. Kungani ungakhombisi nhlonipho njengoSantie, uthi uyabonga?”

Ngakho ngithi, “Ngiyabonga,” ngingundaza.

Umama uyangibuka bese ethi, “Angikuzwanga.”

Ngiyaphinda futhi ngisho kakhulu, “Ngithe NGIYABONGA.”

“Kuzwakala kangcono-ke lokho. Hambake uyoshintsha manje,” kusho yena. Ngibona uSantie emamatheka engikokozela engabonwa umama. Ngifisa sengathi ngingamcinza. Uyangidina.

Saqede ukugqoka; ngiyizonda ngempela le ngubo. Umama bese ethi, “Asihambeni mantombazane.” Siyamlandela.

Uma sesingena etekisini ukuze siye emamuvini, umshayeli wetekisi uthi, “Waze wanamantombazane amahle, Nkosikazi!” Ngibe sengimamatheka noma ngizazi ukuthi ngibukeka ngimuhle kunoSantie. Kodwa ngiyacasuka uma esebuzama ukuthi, “Ngabe bangamawele yini?”

Kanti ngesikhathi ngisathi ngizothi cha, singabazala nje, umama athi, “Cha, bangodade.” Akayena kodwa udadewethu. Ungumzala wami!

Safika kumamuvini, kanti ngifisa ukuthi ngingaboni muntu engimazela esikoleni sami.

Yenzeka indaba!

Ngesikhathi silinde umama esayothenga amathikithi, ngibona lo mfana omuhle engimthandayo oseklasini lami. USiya uhamba nomngani wakhe omkhulu uSam, nabo baya emuvini.

Uthi kimina, “Hawu sawubona Thando; uthi asenibadala kakhulu nje ukuthi ningagqoka izingubo ezifanayo?”

Uyayibona-ke le nto engiyishoyo? Ngifisa sengathi ngingathi mhlaba vuleka ngingene.

“Akudokwe eligayelwe wena lelo? Uyisiwula somfana ongazi lutho ngemfashini!” kuphendula uSantie.

Kodwa, Nkosi yami, ukwenzeleli lokhu?

“Yebo, akusizi noma ungathini ‘wele’ likaThando,” usho kanjalo bese yena noSam betibana baqale ukuhleka besikhomba.

Ngiphukuze uSantie ngendololwane ngithi, “Yini inkinga yakho? Besikhona kodwa isidingo sale nto oyenzile?”

“Ubekugcona. Bengithi ngiyakusiza,” kuphendula yena.

“Ngiyabonga kakhulu! Angizange ngilucele usizo lwakho. USiya ungumfana omuhle ukudlula bonke eklasini lami, manje sengizoba inhlekisa yeklasi lonke,” ngisho ngokuthukuthela.

“Ngabe uyisoka lakho?” esho engingqela amehlho akhe.

“Chabo,” kusho mina. Ngifisa sengathi ngabe uyisoka lami, manje ngeke esaba yilo ngenxa yalo mlomo wakhe omkhulu.

“Ihe, uThando unesoka, uThando unesoka ...” kucula yena.

Umama ubuya ngaleso sikhathi bese ebuza uSantie, “Uthini, sithandwa?”

USantie bese ethi, “Lutho, Mamkhulu. Besizincokolela nje noThando.”

Umama uthi, “Kulungile-ke,” bese esimikeza ngamunye ibhokisi lamaphophukhoni, isiphuzo esihlwahlwazayo nama-*Smarties*.

“Ngiyabonga kakhulu, Mamkhulu, lolu usuku lokuzalwa oludlula zonke,” kusho uSantie eqabula umama esihlathini.

Umama uyamamatheka bese ethi, “Hhayi, sithandwa sami, akulutho nje lokhu. Ngithembisa ukwenza unyaka ozayo ube ngcono kakhulu.”

Kuthi mangife! Lolu usuku lokuzalwa olubi kumazo zonke. Futhi akulona nosuku lwami lokuzalwa. Kanti uSantie uzobe ela futhi nangonyaka ozayo?

Uma sengimdala ngifuna ukuba ngumenzi wamaflimu achaza okuthile okwenzekile, amadokhumentari. Anginaqiniso ukuthi benzani, kodwa owesifazane owayeze esikoleni wathi wenza lokhu, kanti kwakuzwakala kuyinto edlisayo. Wathi uqopha izindaba. Ngakho ngiqopha le ndaba ukuze athi lapho uSantie esekhulile, naye akhumbule ukuthi lolu kwakuwusuku lokuzalwa olubi kunazo zonke!



Imidwebo yenziwe uMagriet Brink





# Story stars

## Sparking a love of reading!

Here, in their own words, is what some of the inspirational reading clubs and programmes in the Nal'ibali network have to say about the Nal'ibali supplements and how they use them to encourage reading-for-enjoyment in their settings.

"The excellent Nal'ibali supplements have been invaluable reading materials, which helped with our limited resources. The activities as well as the tips and advice for teachers, parents and children are so enriching. I love the inter-generational layout, since it creates more parental involvement, which is sorely lacking in our communities. Every week the children look forward to the cut-out stories, which they read quickly. In 2012, they shared these stories with other classes, so a love for reading could be spread. We simply love the special pictures of the Nal'ibali characters too! This is a brilliant initiative. We share your vision that literacy and liberation go together!"

*Brenda Rhode, Young Authors' Club, Lansdowne, Cape Town*

"Izithasiselo ezinhle kakhulu zakwaNal'ibali sezibe yizinto zokufunda ezingefanise nalutho esezisisile ngoba amandla ethu mafushane. Imisebenzi kanye namacebo nezeluleko ezibhekiswe kothisha, abazali nezingane ziyakha kakhulu. Ngiyayithanda nendlela amakhasi ahlelwe ngayo ebhekelela izizukulwane ezahlukene, njengoba yenza ukuzibandakanya kakhulu kwabazali, okuyinto esiyiswela kakhulu emiphakathini yethu. Izingane zilangazelela izindaba ezisikwa zikhishwe isonto ngalinye, ezizifunda ngokushesha, kanti ngo-2012, zabelana ngalezi zindaba namanye amaklasi, ukuze kusabalale uthando lokufunda. Sizithanda kakhulu nezithombe ezikhethekile zabalingiswa bakwaNal'ibali! Lo umkhankaso omuhle kakhulu. Sivumelana nani kulo mbono wenu wokuthi ukwazi ukufunda nokubhala kuyahambisana nokukhululeka."

*UBrenda Rhode, Young Authors Club, eLansdowne, eKapa*

# Abavelele ezindabeni


## Ukokhela uthando lokufunda!

Nakhu okunye kwalokho akusho ngamazwi awo amathimba okufunda anika ugqozi nezinhlelo zabasohlelweni lwakwaNal'ibali ngokuphathelene nezithasiselo zakwaNal'ibali, nokuthi bazisebenzisa kanjani ukukhuthaza ukufundela ukuzithokozisa ezindaweni zabo.



Pic: Anton Scholtz

Brenda Rhode, Young Authors' Club, Lansdowne



Pic: Anton Scholtz

Belinda Fellion, Zenzeleni Waldorf School, Khayelitsha

"Each Wednesday one of the classes in the school folds and cuts the mini-books in the supplement. The booklets are then used in our "Book Buddy" programme where children from an older class pair up with those from a younger class. In these pairs, the older child reads to the younger child, or listens to the younger child's reading. The children can also take the mini-books home to keep and to show to their parents. We are very grateful for the contribution these booklets have made to the increased joy and interest in reading in the children."

*Belinda Fellion, Zenzeleni Waldorf School, Khayelitsha*

"Njalo ngoLwesithathu elinye lamaklasi ligoqa lisike amabhukwana asesithasiselweni. Amabhukwana abe esesetshenziswa ohlelweni lwethu lwe- "Book Buddy" lapho kuhlangukiswa khona ngazimbili izingane ezivela eklasini labadadlana naseklasini labasebancane. Kulezi zingane ezingazimbili, ingane endadlana ifundela ingane esencane noma ilalela le ngane ngesikhathi ifunda. Izingane ziyakwazi futhi nokuthatha amabhukwana ziye nawo emakhaya ukuze ziwagcine, nokuthi ziwakhombise abazali bazo. Sibonga kakhulu ngegalelo lawa mabhukwana asebenalo ekukhuleni kwenjabulo nentshisekelo yokufunda ezinganeni."

*UBelinda Fellion, Zenzeleni Waldorf School, eKhayelitsha*



Pic: Anton Scholtz

Kannemeyer Reading Club, Lotus River

"Though unbelievable, some of our learners do not own reading books and the supplements allow them to own a book. We also stock some of the stories in our library and so a whole class can read the same story aloud for shared reading."

*Felicia Watson, Kannemeyer Reading Club, Lotus River, Cape Town*

"Noma kungakholakali, ezinye zezingane zethu azinazo izincwadi zokufunda ezingezazo kanti izithasiselo zizinika ithuba lokuthi zibe nezincwadi ezingezazo. Sigcina futhi nezinye zezindaba kumtapo wezincwadi wethu, kanti iklasi lonke lingafunda kakhulu indaba eyodwa ekufundeni ngokwabelana."

*UFelicia Watson, Kannemeyer Reading Club, eLotus River, eKapa*

"We have delivered about 6 000 Nal'ibali papers to several rural and special schools in the eastern half of the Eastern Cape. We have seen how the kids make up the books. It's working!"

*John Jansen, Rotary Club, Gonubie*

"Sesihambise amaphepha akwaNal'ibali ayizi-6 000 ezikoleni eziningana zasemakhaya nezezidingo ezikhethekile kuhhafa osepumalanga weMpumalanga Kapa. Sesibonile ukuthi izingane ziwenza kanjani amabhukwana. Kuyasebenza lokhu!"


*UJohn Jansen, Rotary Club, eGonubie*



Pic: Mark Andrews

The Gonubie Rotary Club supports kids at College Street Primary School





Pic: Stephanie Lloyd

Monwabisi Sisilana, Ikhwili Elementary School, Cwili

"Each week our school receives Nal'ibali supplements. One of the most useful aspects of the supplement is that it's bilingual. The children love the fact that our international volunteers can read in English and they can read in Xhosa. Most inspiring has been the increased interaction between the children themselves, as they develop their love of stories together. Older children often read aloud to the younger children and share their reading skills with those who have reading difficulties. It is beautiful to see the children's enthusiasm when reading together, laughing at a funny story, and then developing their own stories."

Monwabisi Sisilana, Ikhwili Elementary School, Cwili

"Isikole sethu sithola izithasiselo zakwaNal'ibali masonto onke. Enye yezinto eyenza ukuthi izithasiselo zibe usizo ukuba ngezilimi ezimbili kwazo. Izingane zikuthanda kakhulu ukuthi amavolontiya avela kwamanye amazwe omhlaba akwazi ukufunda ngesiNgisi, zona-ke zifunde ngesiXhosa. Into ehlabha kakhulu umxhwele sekube ukuthuthuka kokuxhumana kwezingane uqobo lwazo, ngesikhathi zithuthukisa uthando lwazo lwezindaba zindawonye. Izingane ezindadlana zivame ukufundela kakhulu izingane ezincane bese zabelana ngamakhono azo okufunda nalezo ezinezinkinga ekufundeni. Kumnandi ukubona umdlandla izingane ezinawo uma zifunda ndawonye, zihlekiswa yindaba ehlekisayo bese zizakhela indaba yazo."

UMonwabisi Sisilana, Ikhwili Elementary School, eCwili



Pic: Daniel Born

Lynette Jackson, Link @ Yeoville Literacy Programme, Yeoville

"The children at Yeoville don't have a library, so they line up with great excitement to get their supplements each week to take back home with them! The children participating in the programme are in Grade 3, but most cannot read yet. The volunteers read with the children, and then talk to the children about the stories and the characters. The children then take the supplements home, where we encourage them to read to their brothers and sisters, or get their grannies to read to them to grow their literacy skills. The supplements really are their most prized possessions!"

Lynette Jackson, Link @ Yeoville Literacy Programme, Yeoville

"Izingane eziseYeoville azinawo umtapo wezincwadi, ngakho, kulelo nalelelo sonto, zima emgqeni ngezasasa elikhulu ukuze zithole izithasiselo sazo ezizoya naso ekhaya! Izingane ezibambe iqhaza kulolu hlelo ziseBangeni lesi-3 kodwa eziningi azikakwazi ukufunda. Amavolontiya afunda nezingane, bese exoxa nezingane ngezindaba nabalingiswa. Izingane zibe seziya emakhaya nezithasiselo, lapho sizigqugquzela khona ukuthi zifundele abafowabo nodadewabo, noma zicele ogogo bazo ukuthi bazifundele ukuze zithuthukise amakhono azo okwazi ukufunda nokubhala. Izithasiselo ziyimpahla yazo eyigugu kakhulu!"

ULynette Jackson, Link @ Yeoville Literacy Programme, eYeoville

"The Family Literacy Project has 20 Nal'ibali reading clubs in deep rural villages in the southern Drakensberg in KZN. We receive supplements every week and we use them with a song or game in the weekly session. The children in the clubs also cut out the books from the supplement. They seldom have a chance to use scissors and staplers, so they enjoy cutting out and producing their own books. They then read these books together and afterwards, take them home to read with their families."

Lynn Stefano, Family Literacy Project, Underberg



Pic: Family Literacy Project

Kuyintokozo reading club at Lumphongolo in Mzimkulu

"I-Family Literacy Project inamathimba okufunda akwaNal'ibali angama-20 emizini esemaphandleni akude namadolobha eningizimu noKhahlamba eKZN. Sithola izithasiselo masonto onke futhi sizisebenzisa neculo noma nomdlalo emihlanganweni yamasonto onke. Izingane ezisemathimbeni zibuye zisike namabhuku asezithasiselweni. Azivamisile ukusebenzisa izikele namastephula, ngakho ziyakuthokozela ukusika zikhiphe amaphepha, nokukhiqiza amabhukwana azo. Zifunda la mabhukwana ndawonye bese kamuva, ziya nawo emakhaya ukuze zifunde nemindeni yazo."

ULynn Stefano, Family Literacy Project, e-Underberg

"What I like most about the supplements is the stories – we read them to the children and sometimes the children cut out the pictures and then write their own stories! We use the supplements with 5 to 12-year-olds in the classroom, but also in the Injongo Primary School Reading Club. The children who read the stories in the class or club, will often go and retell the stories to their friends who are not in their class or club. In this way they are passing the stories along!"

Luluma Tyhulu, Injongo Primary School Reading Club, Khayelitsha

"Engikuthanda kakhulu ngokuphathelele nezithasiselo yizindaba – sizifundela izingane, futhi ngesinye isikhathi izingane zisika zikhiphe izithombe bese zibhala izindaba zazo! Sisebenzisa izithasiselo nezingane ezineminyaka emihlanu ukuya kweyi-12 eklasini naku-Injongo Primary School Reading Club. Izingane ezifunda izindaba eklasini noma ethimbeni, zivame ukuhamba ziyoxoxela kabusha abangani bazo abangekho eklasini noma ethimbeni, ngakho ziqhubezela izindaba phambili!"

ULuluma Tyhulu, Injongo Primary School Reading Club, eKhayelitsha



Pic: Anton Scholtz

Luluma Tyhulu, Injongo Primary School Reading Club, Khayelitsha

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers\* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference. To nominate a Story Star, visit [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

\* For terms and conditions that apply, go to [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)



Ezweni lonke, umuntu ngamuye kanye nabezinhlangano bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxeny yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo. Ukuze uqoke ovelele endabeni, vakashela ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

\* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)

## Story corner

Here is the first part of a story for you to read aloud or tell. It is about a man with a very long beard who had no friends.

### The lonely tailor (Part 1) by Derek Wiid

Dell the tailor lived in a little town near the sea. Dell loved making beautiful clothes for the people in town. He was very busy snipping and sewing every day. He was so busy that he didn't have time to make friends. In fact, he didn't even have time to trim his own beard.

One morning, *Ding-Dong, Ding-Dong*, the town hall bell rang and Dell woke up. He stretched and yawned loudly.

"Today is market day," he said. "No snipping and sewing for me! No making new clothes. No making old clothes into not so new clothes. Today I shall buy freshly baked bread, delicious jam, and fresh, fresh fruit and vegetables." Then he sighed sadly. *I wonder*, he thought, *if anyone in town will talk to me today.*

Dell got out of bed to wash himself and brush his teeth ... as he did every morning. He made a cup of coffee and some breakfast ... as he did every morning. He put on his vest and a pair of trousers ... as he did every morning. But ... he did not put on a shirt or a jacket. He never dressed in normal clothes like everyone else.

You see, Dell the tailor had a very, very long beard. Because he never had the time to trim it, his beard had been growing for forty-five years. It was so long that when he went out, he wrapped his beard around his body; one, two, three times. That's why he only needed his vest and trousers. His beard kept him warm in winter and cool in summer.

That winter morning when Dell went shopping, everyone stared at him. They always did. Then they turned around and hurried away without saying a word.

"Silly people," he said to himself. "It's only a beard." He forgot that it was the longest beard in the world. He forgot that people were not used to seeing someone wrapped in a beard.

Dell hurried to finish his shopping. As usual no one spoke to him and he felt very lonely.

Find out next week if Dell will ever have any friends.



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood  
Imidwebo yenziwe uJiggs Snaddon-Wood

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa. Iphathelene nendoda eyayinentshebe ende kakhulu eyayingenabangani.

### Umthungi oyinkom'edla yodwa (Ingxenye yoku-1) ebhalwe uDerek Wiid

UDell, umthungi, wayehlala edolobhaneni elincane eliseduze nolwandle. UDell wayethanda ukwenzela abantu basedolobhaneni izingubo ezinhle. Wayehlala ematasatasa esika futhi ethunga nsuku zonke. Wayematasatasa kangangokuthi wayengenaso isikhathi sokuthola abangani. Empeleni wayengenaso nesikhathi sokuphungula ngisho nentshebe yakhe.

Ngolunye usuku ekuseni, insimbi yehholo ledolobhana yakhala kwaze kwavuka noDell. Wazelula wazamula kakhulu.

"Namhlanje usuku lwemakethe," kusho yena. "Angeke ngisike futhi ngithunge! Angeke ngenze zingubo ezintsha. Angeke ngenze zingubo ezindala zibukeke sengathi zintsha. Namhlanje ngizothenga isinkwa esisha esibhakiwe, ujamu omnandi kanye nezithelo nemifino okusha kakhulu." Wabubula ngendumalo. "Kazi," kucabanga yena, "ukhona yini umuntu edolobhaneni ozokhuluma nami namhlanje."

UDell waphuma embhedeni wageza, waxubha amazinyo akhe ... ngendlela ayejwayele ukwenza ngayo njalo ekuseni. Wenza inkomishi yekhofi nesidlo sasekuseni ... ngendlela ayejwayele ukwenza ngayo njalo ekuseni. Wagqoka iveri nebhulukwe ... ngendlela ayejwayele ukwenza ngayo njalo ekuseni. Kodwa ... wayengagqoki ihembe noma ibhantshi. Wayengazigqoki nanini izingubo ezijwayelekile njengawo wonke umuntu.

Uyabona, uDell umthungi wayenentshebe ende, ende kakhulu. Ngoba wayengenaso isikhathi sokuyiphungula, intshebe yakhe yase ikhule iminyaka engamashumi amane nanhlano. Yayinde kangangoba uma kukhona lapho eya khona, wayesongela intshebe yakhe emzimbeni wakhe izikhathi; esisodwa, ezimbili, ezintathu. Yingakho wayedinga iveri nebhulukwe lakhe kuphela. Intshebe yakhe yayimgcina efudumele ebusika futhi epholile ehlobo.

Ngalolo suku lwasekuseni ebusika uDell wayothenga, wonke umuntu wayemgqolozela. Babehlale benza kanjalo. Bese beyaphenduka bahambe basheshe bengazange bathi vu.

"Laba bantu bayizithutha," ezitshela. "Intshebe nje kuphela!" Wakhohlwa ukuthi kwakuyintshebe ende kunazo zonke emhlabeni. Wakhohlwa ukuthi abantu babengajwayele ukubona umuntu ezisongele ngenentshebe.

UDell washesha ukuze aqedele izinto ayezozithenga. Njengenjwayelo akekho umuntu owamkhulumisa, wazizwa enesizungu.

Thola ngesonto elizayo ukuthi ngabe uDell uzoke abe nabangani.

### In your next Nal'ibali supplement:

- Investing in young readers this Youth Day
- Story Star: An author passionate about empowering others
- Make a card for Father's Day
- A mini-book to celebrate Father's Day, *A Kite's Flight*
- The final part of the story, *The lonely tailor*

Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukutshala okuyoba nenzuzo kubafundi abasebencane kulolu Suku Lwentsha
- Abavelele Ezindabeni: Umbhali onothando lokuhlomisa abanye
- Yenza ikhadi Losuku Lobaba
- Ibhukwana lokugubha Usuku Lobaba, *iKhayithi Elindiyazo*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Umthungi oyinkom' edla yodwa*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usingo? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usithole ku-Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)